# Ingwejeje nelanga

Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch
Imidwebo nguMieke van der Merwe

Kwathi ngokunye ukusa, ngesikhathi izilwane sezivukile, zamangala ukungaboni nalunye uphawu lokuphuma kwelanga esibhakabhakeni ngasempumalanga.

"Ingabe kwenzenjani?" kubuza zonke izilwanyana ezincane kubazali bazo.

"Bekezelani nje!" kusho omama nobaba bazo. "Kungenzeka ukuthi ilanga liphethwe ubuvila nje namhlanje. Kungekudala lizophuma njengenjwayelo, bese sikwazi ukuya le ezansi emthonjeni siyophuza amanzi."

Kodwa izilwane zazishaye eceleni. Yize noma zalinda zalinda, kodwa umhlaba wawulokhu umnyama nje. Kwathi emva kwamahora ambalwa, zanquma ukubamba umhlangano ukuze zidingide le nkilayitheka.

"Sizokwenzenjani?" kubuza uMvubu.

"Kulula nje," kusho uNdlulamithi. "Kufanele sonke siye kolifuna ilanga. Asikwazi ukuphila ngaphandle kokukhanya!" Ezinye izilwane zavumelana naye, ngakho yizo leziya zihamba zibheke ezindaweni ezahlukahlukene, zizimisele ukuthola ilanga lapho lalingakhona.

"Ngizoqala ngibheke ezihlahleni kulo dukathole wehlathi," kusho uNgwejeje izicabangela. Wabheka esihlahleni ngasinye ayevame ukutshakadula idlala kuzona nsuku zonke. Ekuqaleni akatholanga lutho, ngaphandle kokuhlangatshezwa ubumnyama nje kuphela. Ngesikhathi engena ekujuleni kwehlathi, wabona ukukhazimula okuncanyana maphambidlana nayo. "Naliya!" washo ngesasasa. "Ngazile ukuthi ngizolithola lapha ilanga!" Wayeqinisile uNgwejeje. Ngemuva kokuhamba elinye ihora, wagcina eselitholile ilanga, lithandeleke phezulu emagatsheni aminyene esihlahla eside. "Ungakhathazeki, Langa!" kusho uNgwejeje. "Noma ngimncane nje, kodwa amazinyo ami abukhali kakhulu! Ngizoququda la magatsha bese ngiyakukhulula kungekudala nje."

"Ngiyabonga, Ngwejeje," kububula uLanga. "Sekuphele amahora amaningi ngizama ukuzikhipha kulesi sihlahla, kodwa ngenkathi ngizama kakhulu, kungale nkathi ngithandeleka kakhulu."

Ngakho-ke ingwejeje encanyana yaqala ukuququda amagatsha. Kwakuwumsebenzi onzima, kodwa ayizange iyeke. Ngemuva kwehora nesigamu, yabe seyilikhulule kancane ilanga; ngemuva kwelinye ihora, kwase kusele amagatshana nezinti ezimbalwa nje okwakusabambe ilanga phezulu esihlahleni. Kodwa ingwejeje yayibhekene nenkinga – ngesikhathi amagatsha equqludwa ephela, laliya ngokushisa kakhulu ilanga. Ingwejeje yaqala manje yajuluka. Masisha yezwa iphunga loboya balo bunuka busha.Umlomo wayo wase wome nkwe ingasakwazi nokukhuluma. “Ngiyaxolisa, Langa, kodwa angeke ngisakwazi ukuqhubeka,” kwasho yona ihoshozela okweselesele. “Ukushisa kwakho angisakwazi ukukubekezelela! Buka nje, umsila wami uyasha!”



Ilanga lalingenza noma yini ukuze likhululeke. “Ngicela uqhubeke bandla, Ngwejeje!” kusho uLanga. “Ngidinga ukuphuma kulesi sihlahla ukuze ngikwazi ukukhanyisela umhlaba usuku nosuku. Zonke izilwane nezinyoni kanjalo nezitshalo zidinga ukukhanya nokufudumala kwami ukuze ziphile.”

UNgwejeje wayazi ukuthi kwakuyiqiniso lelo. Ngakho yize noma uboya bakhe obuhle base buphenduke bamnyama bhuqe, nomsidlana wakhe sewushe waphela, waqhubeka nokuququda amagatsha ayethandele ilanga.

Kwadlula esinye isikhathi. Njengamanje kwase kusele kancane ukuthi uNgwejeje akhulule ilanga, kodwa amehlo akhe ayebuhlungu kakhulu kangangokuthi kwadingeka awavale. Waphinda futhi wazizwa sengathi wayengeke esakwazi

ukuqhubeka. “Ngiyakuncenga bandla, Langa,” kusho yena, “nakanjani kumele ngiyeke ngempela manje. Amehlo ami alimele futhi ngidinga ukuwaphumuza.” Kodwa futhi nelanga laphinde lamncenga ukuthi aqhubeke, nebala-ke waqhubeka.

Ekugcineni waluma igxolo kanye nokhuni lokugcina okwakubambe ilanga. Kancane kancane, lakhuphuka ilanga liya esibhakabhakeni, kanti ngesikhathi lenza kanjalo, kwantwela ezansi kwasabalala ukukhazimula okuphinki kwagcwala umhlaba wonke. Ngesikhathi ilanga liphakama, lakhuluma nengwejeje. “Ngiyabonga kakhulu, mngani wami omncanyana!” kusho uLanga. “Usebenze kanzima ukuze ungisindise, ngakho ngokwenzenjalo ususindise zonke izilwane, izinyoni nezitshalo. Yini engingakwenzela yona ngalokhu okwenzile na?”



UNgwejeje wathi ukucabanga okwesikhashana. Kade wayefuna ukundiza. "Ngiphe amaphiko," kusho yena, "ukuze ngikwazi ukundiza ngiye phezulu esibhakabhakeni."

"Kulungile," kusho uLanga, "kusukela njengamanje usunamaphiko amabili, futhi usuzokwazi ukundiza ngesivinini esikhulu uye phezulu kakhulu kunezinyoni. Ngenxa yokuthi ulimaze amehlo akho ngesikhathi ungisiza, uzolala emini bese uvuka ebusuku. Yize noma amehlo akho engeke esakwazi ukumelana nokukhanya, uzokwazi ukubona futhi uzwe kahle impela ebusuku!"

Yashintsha kanjalo-ke ingwejeje yaba yilulwane. Lalimatasatasa kakhulu lindiza lehla lenyuka ebusuku kangangokuthi lalingawukhumbuli umsila walo, uboya balo obunsundu kanye nempilo yalo njengengwejeje phezulu ezicongweni zasezihlahleni. Noma lalingasakwazi ukuthokozela ukukhanya kwelanga, lalisakuzwa ukufudumala kwalo enhliziyweni yalo.



## VEZA UBUCIKO BAKHO!

Khuthaza izingane zakho ukuba zicabange ngesilwane esithile bese zikuxoxela noma zibhale eyazo indaba mayelana nokuthi kwenzeka kanjani ukuba sibukeke noma siziphathe ngendlela esiziphatha ngayo manje.

# Ingwejeje nelanga

Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch • Imidwebo nguMieke van der Merwe

## Ezibonakalayo

Chitha isikhathi ubheke ukuphuma kwelanga esibhakabhakeni futhi/noma ebusuku. Dweba noma upende isithombe sesibhakabhaka kwesinye salezi zikhathi. Faka ingwejeje noma ilulwane esithombeni sakho.

## Ukufunda

Ungakwazi yini ukuthola izingxenye zendaba lapho iLanga likhuluma nengwejeje? Funda ngayinye yalezi zingxenye ngendlela ebonisa ukuthi ilanga belizizwa kanjani.

## Ukubhala

Cabanga ngesilwane. Bhala eyakho indaba ebonisa ukuthi kwenzeke kanjani ukuthi lesi silwane sibukeke noma siziphathe ngendlela esenza ngayo. Uma udinga usizo ukuba ubhale indaba yakho, xoxela omunye umuntu ongakwazi ukukubhalela yona phansi.

## Umsebenzi wezandla

Dweba isithombe selanga, ingwejeje nelulwane ezisodabeni. Zifake imibala uzinamathisele ezindukwini ezinde nama isitro sokuphuza ukuze wenze onodoli.

## Ukusebenza

Yixoxe futhi lendatshana usebenzisa awakho amagama manje usebenzise onodoli obenzile.